SPEAKING NOTES FOR ETHEKWINI MUNICIPALITY MAYOR, CLLR CYRIL XABA AT THE OPENING OF CRU IN KWAMAKHUTHA, 21 NOVEMBER 2025

- Chairperson of the Human Settlements and Infrastructure Portfolio committee: Cllr Themba Mvubu
- Ward 94 Councillor: Cllr Puleng Hlomuka
- Director for Human Settlements: Mr Lawrence Pato
- Senior officials present
- Umphakathi kwaKwaMakhutha

Sanibonani

Kuyasijabulisa kakhulu ukuba nompahakathi waKwaMakhutha ngalolusuku olukhulu kangaka.

Lezizindlu esinikezela ngazo namhlanje azizobeka nje uphahla phezu kwamakhanda enu, kodwa zizobuyisa nesithunzi kubanikazi bazo, okuyinto lohulumeni wentando yeningi ayelokhu eyiphokophelele kusukela ngo 1994.

Okunye esakusho umasingena kuhulumeni wentando yeningi ukuthi sifuna ukuphucula zonke izindwo ezingamahositela kube izindawo ezibuyisa isithunzi nezikwazi ukuhlala imindeni.

Njengoba sizovula lezizindlu namhlanje sisaqhubeka nokufezekisa lesosibophezelo.

Sifisa ukubabongela kakhulu laba abazohlomula ngalezizindlu. Sifisa ukuninxusa ukuthi niziphathe kahle, nikhokhele nezinsiza ezifana nogesi namanzi enizozifica phakathi.

Sifisa ukuthatha lelithuba sibonge no Ward Councillor uPuleng Hlomuka ngokuqhubeka nokusebenzela umphakathi ngokuzikhandla. Ukube akazange afingqe imikhono ingabe lezizindlu azikho.

Selokhu aqala ukuba ikhansela kulendawo muningi umsebenzi asewenzile. Ngenxa yemisebenzi yakhe, siwumkhandlu sesikwazile ukuletha lengqalasizinda elandelayo ku ward 94:

- Ukulungiswa kukaSizakala Centre
- Ukwakhiwa kweBridge laseMasomini elixhumanisa umphakathi waku ward 86 no 94
- Sifake itiyela emigwaqeni eminingi efana noGoldstone Avenue kanye noBatha Sibisi Avenue

Namhlanje sizokwethula I project ka R34m okungama Community Residential Units angu 48. Indlu ngayinye inakamelo amabili, I sitting room, ikhishi kanye ne bathroom. Indlu ngayinye izoba nemitha likagesi nelamanzi, okusho ukuthi asizoba nayo inkinga yezinyokanyoka ngoba umuntu uzobe enogesi wakhe namanzi akhe azokukhokhela njalo ngenyanga.

Lapha eThekwini sinezindawo ezingamahositela ezingu 10. Kuyajabulisake ukuthi ezinye zazo sezilungisiwe kanti kwezinye umsebenzi usaqhubeka wokuzilungisa.

- Umlazi T Section 7 Units completed
- Donnelly Road eBluff CRUs 76 units completed
- Dalton CRU, 91 units completed.

Bakwethu inhloso yethu ukuthi abantu bagcine sebekwazi ukuzakhela izindlu. Kodwa lokho kuzokwenzeka uma sikwazi ukudala amathuba omsebenzi eThekwini.

Siyaqhubeka nomsebenzi wonkunxenxa abatshali bezimali. Ngesonto eledlule sasithula utshalomali luka R10 billion endaweni yase Cato Ridge oluzodala amathuba omsebenzi angu 5000. Ngenyanga edlule sathula enye I development eDurban North ka R3.6 billion ezoletha amathuba omsebenzi angu 2500. Ngenyanga kaJune kulonyaka sathula enye i-project eSibaya ebiza uR25 billion ezodala imisebenzi elinganiselwa 20 000.

Sinethemba elikhulu ukuthi bazolokhu bezile osomabhizinisi eThekwini njengoba sesiqale nomsebenzi omkhulu wokulungisa ingqalasizinda yamanzi nekagesi. Lengqalasizinda izolekelela nemiphakathi eminingi elapha eningizimu neTheku njengoba nazi ukuthi silungisa ipayipi elikhulu I Southern Aqueduct ngo R1.2 billion elizonyusa izinga lokuphakelwa kwamanzi kule region.

Ngokunjalo, senza nomsebenzi wokunweba ichweba nokulungiswa kwengqalasizinda kajantshi wesitimela ukuze sibe yisizinda sezokuthuthwa kwezimpahla eThekwini.

Sengihlala phansi ngithi angiphinde nginibongele kakhulu ngezindlu. Sicela niziphathe kahle nenzele nezizukulwane ezizayo.

Siyabonga.